Publication: Isolezwe (KZN)
Date: Thursday, June 17, 2021
Page: 12

# UMotshekga ufisa luqhubeke uhlelo lwabasizi bothisha

MHLENGI SHANGASE

NJENGOBA liphezulu izinga lokungasebenzi kwentsha kuleli, uNgqongqoshe weMfundo eyiSisekelo, uNkk Angie Motshekga, uthi uyafisa baqhubeke nokusebenza abasizi bothisha kuleli abangu-320 000 ngoba bayadingeka.

Uthe laba basizi, abaqashwe ngaphansi kohlelo i-Education Employment Initiative (EEI), bangene ngaphansi kohlelo lukamengameli lokuqeda ukungasebenzi kubantu abasha.

Laba basiza othisha ngezinto eziningi njengoba izwe libhekene nobhubhane iCovid-19.

Lolu hlelo luxhaswe ngo-R7 billion kanti ingxenye eningi yale mali yayiswa ezifundazweni.

U-1% wayo waya ohlelweni lokubaqeqesha, omunye waya esikhwameni i-UIF.

"U-R2.4 billion wasebenza kothisha abaqashwe yizikole ezixhaswa wumnyango, enye yaya kulezo zikhala zothisha abaqashwe yizigungu zabazali.

"Uhlelo lokuqala lube yimpumelelo njengoba laba basizi beqale nyakenye, manje sibhunga ukuthi kube nohlelo lwesibili nomgcinimafa," kusho uMotshekga.

Uthe baseka uhlelo lukamengameli ngoba luvulela intsha amathuba omsebenzi.

Uqhube wathi lolu hlelo luyasiza ngoba lunika intsha amakhono okuthi ikwazi nokuziqalela amabhizinisi.

Ubalule ukuthi zikhona ezinye izinhlelo zokuqasha intsha okubalwa kuzo i-Expanded Public Works Programme, neHarambee Youth Employment Accelerator.

Uqhube wathi kunohlelo, iNational Youth Service, esiza intsha ukuthi ibe yizishoshovu emphakathini iphinde iwufukule.

This material has been copied under a Dalro licence and is not for resale or retransmission.